**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LOMGWAQO ENKUNGUMATHE ENKANDLA MHLAKA 11 DECEMBER 2008**

**Ngiyanibingelela nonke.**

- Indawo yaseNkandla ingenye yezindawo esifundazweni ezahlonzwa njengezidinga ukubekwa phambili ekulethweni kwezidingo ngenxa yezinga eliphezulu lobubha nokuntuleka kwemisebenzi.

- Yingakho uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ufake imali ebalelwa ku-R1,9 billion ukubhekana nezinselelo zengqalasizinda kulesi Funda soThungulu iNkandla engaphansi kwaso.

- Ngonyaka ka-2004, njengohulumeni senza isivumelwano nabantu bakithi esisekeleke ekuvikeleni ababuthaka. Nizovumelana nami ukuthi njengoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal, zonke izinhlelo zethu zihlose ukufeza lesi sivumelwano.

- Ngokwalesi sivumelwano, uMnyango wezokuThutha ulokhu uqhubeke njalo nokuqinisekisa ukuthi imigwaqo namabhuloho esiwakhayo ahlomulisa imiphakathi empofu. Siyaqinisekisa ukuthi imigwaqo esiyakhayo iyindlela yokufinyelela kwezomnotho.

- Siyaqhubeka nokuqinisekisa ukuthi ukuhlelwa kwemigwaqo kwenziwa ngokudidiyela ngendlela yokuthi imiphakathi ezindaweni zasemakhaya ikwazi ukufinyelela ezikoleni, emitholampilo, ezibhedlela nakwezinye izindawo zosizo.

- Yingakho-ke namhlanje sesikwazi ukubona abantu bakithi ababencishwe amathuba phambilini sebephumela obala besho ukuthi ngempela siyazigcina izithembiso zethu. Ngempela imisebenzi iyabonakala.

- Ngithanda ukugcizelela ukuthi njengohulumeni okhethwe ngentando yeningi sinesibopho sokusiza abantu ngaphandle kokubheka ukuthi ngabaliphi iqembu lepolitiki. Ninelungelo lomthethosisekelo lokuthola izidingo noma ngabe, ngesizathu sakho, awulivotelanga iqembu eliphethe uhulumeni.

- Namhlanje siphendula isoyi lokwakhiwa komgwaqo eNkungumathe ozodinga ukuthi kwakhiwe namabhuloho amabili emfuleni Imbizo nomfula Umhlathuze. Ibalelwa ku-R35 million imali ezodliwa yilo msebenzi, kuhlanganisa umgwaqo ongu-5 km ubude namabhuloho amabili.

- Umsebenzi wokwakha uzodala amathuba emisebenzi kubantu bendawo kungene nemali endaweni. Ekuphothulweni kwawo, lo mgwaqo uzongena ngaphansi kohlelo lukaZibambele, okuzodala amanye amathuba emisebenzi komama bendawo.

- Kuyadabukisa ukuthi kunamanye amalungu omphakathi aseke aminza ngenkathi ezama ukuwela umfula kule ndawo. Mhlambe kufanele lo msebenzi siwunikele kuMnuz Nxusa owaminza ngenkathi egibele imbongolo eya kohola impesheni kanye noNkk Dlamini noNkk Zwane ababephuma emsebenzini beyobona imindeni yabo.

- Njengengxenye yohlelo loMnyango lokubuyisela okwabantu kubantu, sihambisa ubuchwepheshe ezikoleni ukuze kwenziwe ngcono isimo ezikoleni ezazincishwe amathuba phambilini kulesi fundazwe, sigxile kakhulu ezikoleni zasemakhaya.

- Ngakho-ke kuyajabulisa ukuthi namhlanje sinikela ngamakhompyutha ezikoleni ezazincishwe amathuba phambilini lapha eNkandla. Lokhu kukhombisa ukuzibophezela kukahulumeni ekuthuthukiseni izikole zethu ukuze iNingizimu Afrika nayo ibe nemfundo esezingeni lomhlaba.

- Ngithanda ukugcizelela ukuthi nakuba umsebenzi wethu njengoMnyango wezokuThutha kungukwakha imigwaqo nokuqinisekisa ezokuphepha emgwaqeni, kodwa siyazi ukuthi ulwazi ludinga ukuhanjiswa hhayi emigwaqeni esiyakhayo kuphela kodwa nangamakhompyutha esiwanikelayo.

- Sengiphetha, ngigqugquzela kakhulu othisha nabafundi ukuthi bawagade amakhompyutha futhi bawasebenzise ngokuyikho. Nginxusa bonke othisha, abafundi, abazali namalungu ekomiti lesikole akhona lapha namhlanje ukuthi benze imizamo yokuvikela la makhompyutha nezinye nje izimpahla zesikole ngoba izigebengu aziyi nhlobo emaholidini.

**Ngiyabonga.**